

Umkhonyovu Namacala Okhethweni



Umkhonyovu okhethweni kusho ukwenza into eba nomthelela ekuphathweni kokhetho, ngendlela engekho emthethweni.

Umkhonyovu okhethweni kungubugebengu

Ungahlawulisa noma uvalelwwe ejele iminyaka efinyelela kweyishumi uma wenza umkhonyovu okhethweni, noma uma wenza noma ngabe yiliphi icala kulawa alandelayo.

UNGAKWENZI lokhu okulandelayo:

- **Musa** ukwenza umuntu anikeze imininingwane engelona iqiniso uma ebhalisela ukuvota.
- **Musa** ukunikeza imininingwane engelona iqiniso uma ubhalisela ukuvota.
- **Musa** ukuvota noma ukubhalisela ukuvota ngegama lomunye umuntu (ophilayo noma ongasekho emhlaben).
- **Musa** ukubhalisela ukuvota esifundeni sokuvota esisendaweni ongahlali kuyo.
- **Musa** ukuvota okhethweni uma ungavumelekile ukuvota.
- **Musa** ukuvota esikhungweni sokuvota ongavumelekile ukuvota kuso.
- **Musa** ukuvota ngaphezu kwehlandla elilodwa okhethweni.

Kuyicala okhethweni ukuphoqa umuntu ukuba enze lokhu okulandelayo:

Ukubhalisela ukuvota NOMA **Ukungabhaliseli** ukuvota

Ukuvota okhethweni NOMA **Ukungavoti** okhethweni

Ukweseka inhlango NOMA **Ukungayeseke** inhlango
yezopolitiki noma ilungu
eliphakanyisiwe

Ukuvotela inhlango NOMA **Ukungavoteli** inhlango
yezopolitiki noma ilungu
eliphakanyisiwe

Ukuba abe khona NOMA **Ukuba angabibikho** emcimbini
emcimbini wezopolitiki
noma embuthanweni
wenhlangano yezopolitiki



Ukuze uthole ulwazi xhumana:

Ihhovisi likazwelonke

Ucingo: 012 622 5700 Ifekisi: 012 622 5784

Isikhungo sezingcingo

0800 11 8000 (ngesikhathi sokhetho)

 www.facebook.com/IECSouthAfrica

 www.twitter.com/IECSouthAfrica

 www.youtube.com/IECSouthAfrica

iec@elections.org.za

www.elections.org.za

ELECTORAL COMMISSION

ENSURING FREE AND FAIR ELECTIONS

SOUTH AFRICA

